ILANGA
Monday, 4 October 2010, p. 6



INKOSI Mangosuthu Buthelezi noNkk Lieze Kotze wakwa-Oxford University Press Southern Africa bekhombisana ngesichaza-mazwi esisha sesiZulu.
ISITHOMBE NGU: JOHN HLONGWA

Ayamfimfa amathemba ngeka-matric - Shenge

EZEMFUNDO: Uthi kulo nyaka kumele kubanjwe umoya.

ERIC NDIYANE

MANCANE kakhulu amathemba emiphumela emihle yebanga le-10 kulo nyaka futhi abazali kufanele babambe umoya ukuthi isimo singabi sibi kakhulu.

Lokhu kushiwo wuMengameli weNkatha Freedom Party (IFP), iNkosi Mangosuthu Buthelezi ekhuluma nezifundiswa emcimbini obusendaweni yomntakabani, eZimbali enyakatho yeTheku, ngoLwesihlanu.

Lo mcimbi okhethekile bekungowokwethulwa kwesichazamazwi sesiNgisi nesiZulu. Lesi sichazamazwi sethulwe ngabakwa-Oxford University Press Southern Africa, abadume umhlaba wonke ngokukhiqiza izichazamazwi ngezilimi ezahlukene kodwa bamandla kwezesiNgisi.

Lo mcimbi ubuhanjelwe kakhulu ngabasezinhlakeni zezemfundo, ongoti kwezezilimi nabengamele izikhungo zemfundo njenge-University of Zululand.

INkosi Buthelezi ibiyisimenywa esiqavile kulo mcimbi futhi izokwemukela ukwethulwa kwalesi sichazamazwi.

Ithe ukwethulwa kwaso kutshengisa ngokusobala ukuthi imfundo isemqoka kangakanani entuthukweni yomphakathi njengoba nayo ihlale isho.

"Nangezikhathi zobandlululo bengilokhu ngimile ngisho ukuthi imfundo yiyona esemqoka okufanele isetshenziswe njengesikhali sokulwa nengcindezelo.

"Ngeshwa ozakwethu ebesinabo emzabalazweni kababonanga kanjalo ngoba bathe makuqale kukhululwe izwe bese kugcinwa ngayo imfundo," kusho iNkosi Buthelezi.

Ibuye yakhumbuza abebelapho ukuthi nangesikhathi kusabusa uhulumeni omdala waKwaZulu imfundo ibilokhu ibekwe eqhulwini.

"Ngesikhathi sivula inyuvesi yaKwaZulu, kuqubuke omkhulu umsindo kukhulunywa izinto eziningi kuthiwa sakhe isikhungo esizofundisa amaZulu kuphela. Kube kubike nangesikhathi sekushiswa izikole ngoba kunemibhikisho.

"Ngenhlanhla thina siqhubekile nokugqugquzela usiko lokufunda nokufundisa," kugcizelela iNkosi Buthelezi.

Ithe indlela okuphazamiseke ngayo ukufunda kuleli kulo nyaka njengoba bekunemidlalo yeNdebe yoMhlaba kanobhutshuzwayo kwathi emuva kwayo kwalandela inkunzimalanga yesiteleka, kayinawo amathemba emiphumela emihle.

Ithe: "Impela sibambe umoya ngemiphumela kamatikuletsheni njengoba sekusele amasonto amane ngaphambi kokuthi kubhalwe ukuvivinywa kokuphela konyaka.

"Kulo nyaka sibi kakhulu isimo sezemfundo kuleli njengoba kubikwa ukuthi othisha basasilele kwezinye izifundo."

Nokho ikuncomile ukwethulwa kwesichazamazwi, yathi lokhu kuzosiza kakhulu izingane zikwazi ukufunda ulimi ngendlela eqondile njengoba zifunda nabezinhlanga ezahlukene.

"Siyabonga kakhulu kwabakwa-Oxford ngalo mnikelo wabo osemqoka kangaka ngoba kusemqoka kakhulu ukugcinwa kolimi lwesiZulu," kuphetha iNkosi Buthelezi.

Isikhulu esiphezulu sakwa-Oxford, uNkk Lieze Kotze, sithi bese kuyiminyaka engama-40 kukhishwe isichazamazi sesiZulu manje bese kuyisikhathi sokuthi kube khona okwenziwayo.

"Inhlosongqangi yethu wukusiza abafundi ukuze baphumelele ezifundweni.

"Kusithathe iminyaka emithathu ukuhlanganisa lesi sichazamazwi futhi kusidle imali eningi njengoba bekufanele siyihlinzekele unyaka nonyaka. Nokho kasizisoli ngokwenza lokho ngoba sikhuluma ngekusasa labafundi," kusho uNkk Kotze.

Uthi lesi sichazamazwi sizoleke-lela kakhulu abafundi abaku-*Grade* 4 kuya ku-*Grade*-9. Uthe kuyabajabulisa ukuthi lesi sichazamazwi sesizotholakala kubona bonke abantu.

Abakwa-Oxford babuye banikela ngezichazamazwi ezingabiza u-R200 000 ezikoleni ezisemakhaya ezidinga kakhulu .

Kubuye kwaxhaswa ngesizimbulu semali inhlangano engenzi nzuzo, iKhanyisa Development Trust, esebenza ukusiza ekuthuthukisweni kwezemfundo KwaZulu-Natal.

Isheke linikwe umsunguli wayo owumsakazi woKhozi FM, uVukile McKenzie obonge wanconcoza.

ndiyane@ilanganews.co.za